

Edition 24
isiZulu, English

It starts with a story...

Never too early, never too late!

Do you ever wonder how old children should be when you start reading to them? Maybe you think you should wait until they are being taught how to read in Grade 1 before you start. But would you wait until a baby understands what you are saying before you talk to him or her? No, because that would make learning to talk difficult! Well then, you shouldn't wait for a child to be taught to read before you read regularly to him or her.

When babies don't yet understand many words, sharing books with pictures, rhymes and stories helps teach them vocabulary and language – and it gets their brains thinking! It's also a wonderful way to relax and bond with your baby.

As babies grow, the more you read aloud and talk to them, the more words they hear, and very soon you'll hear them using the words themselves! They will also find out how the print has meaning and how we tell stories. But most importantly, when parents and caregivers read often to very young children, these youngsters grow up seeing reading as fun and worthwhile. So, they are more likely to choose to read in their free time when they are older. This is important because the more children read, the better they become at reading ... and the more pleasure they get from it and so, they are more likely to read!

But is it too late to start to read to children when they are at preschool or school? And how old should they be when you stop? Well, just like it is never too early to start, it is also never too late to start reading to children – even if they can already read. You can share books together that are too complicated for them to tackle on their own.


Taking time out from a busy day to read to your children is an investment in their future no matter what their age. These pleasurable times not only show your children that you enjoy their company and care about them, but they build lifelong memories too!

Ungesheshe kakhulu, ungelibale kakhulu futhi!

Ngabe uke uzibuze ukuthi kumele zibe ndala kangakanani izingane ukuze uqale ukuzifundela? Mhlawumbe ucabanga ukuthi kumele ulinde zize zifundiswe ukufunda eBangeni 1 ngaphambi kokuba uqale. Kodwa ungalindi yini ukuthi ingane iqonde ukuthi uthini ngaphambi kokuba ukhulume nayo? Cha akunjalo, ngoba lokho kungenza ukufunda ukukhuluma kube nzima! Ngakho-ke, angeke ulinde ukuthi ingane ifundiswe ukufunda ngaphambi kokuba uhlale uyifundela.

Ngesikhathi abantwana bengakawaqondi amagama amaningi, ukwabelana nabo ngezincwadi ezinezithombe, imilolozelo kanye nezindaba, kuyabasiza ngokubafundisa amagama kanye nolimi – futhi kwenza ukuthi bacabange. Kuyindlela enhle futhi yokuthi uphumule uphinde ube nesikhathi nomntwana wakho.

Ngesikhathi abantwana bekhula, uma ubafundela futhi ukhuluma nabo kakhulu, bezwa amagama amaningi, uzobe usubezwa sebesebenzisa lawo magama maduze nje! Bazophinde bathole futhi ukuthi kungani okubhaliwe kuchaza okuthile nokuthi sizixoxa kanjani izindaba. Kodwa okubaluleke



Mme wa Afrika

Dintle

Noodle

kakhulu ukuthi, ngesikhathi abazali kanye nabantu abanakekela izingane befundela izingane ezincane kakhulu, lezi zingane zikhula zibona ukufunda kuyinto emnandi nokufanele yenziwe. Ngakho, maningi amathuba okuthi zikhethe ukufunda ngesikhathi ezingenzi lutho ngaso uma sezikhulakhulile. Lokhu kubalulekile ngoba ngesikhathi izingane zifunda kakhulu, ziya ngokuya ngokuba abafundi abangcono ... futhi uma zithola injabulo enkulu ekufundeni, ayanda amathuba okuba zifunde!

Kodwa ngabe kuzobe sekwedlule isikhathi yini uma uzoqala ukufundela izingane sezisenkulisa noma esikoleni? Futhi ngabe kumele zibe ndala kangakanani ngesikhathi usuyeka? Empeleni, njengoba ungesheshe kakhulu ukuqala, ungelibale kakhulu futhi ukuba uqale ukufundela izingane – noma ngabe seziyakwazi ukufunda. Ningabelana ngezincwadi ezinzima ukuthi izingane zingazifundela zona zodwa.

Ukwenza isikhathi osukwini lwakho olumatasatasa ukuze ufunde izingane zakho kuwukutshala ekusaseni lazo noma ngabe zineminyaka emingaki. Lezi zikhathi ezithokozelekayo azikhombisi kuphela izingane zakho ukuthi uyakuthokozela ukuhlala nazo futhi uyazinakekela, kodwa kwakha izinkumbulo ezizohlala impilo yazo yonke!



Drive your
imagination

Read to me.
Never too early. Never too late.
Ngifundele. Ungesheshe kakhulu.
Ungelibale kakhulu futhi.





Story stars

Growing a lifelong relationship with books

Every Wednesday during term time, the Nyangana (Little Moon) bilingual reading club – part of the NaLibali network of reading clubs – gets together at the Walter Teka Primary School in Nyanga, Western Cape. A project of SHAWCO – a student community service organisation – Nyangana has been growing since it began in 2011. We spoke to SHAWCO volunteer, David Jeffery, about the club and his experiences.



Nyangana (Little Moon) bilingual reading club

How have you grown the club?

At first, we worked only with Grade Ones but in 2012 we also worked with Grade Twos. This year we'll be working with children from Grades One to Three and holding sessions twice a week instead of just once.

Why do you have younger primary school children at the club?

Starting this early helps develop a lifelong love of reading.

What kinds of activities do you offer at the club?

We follow PRAESA's approach to reading clubs and literacy learning, so we offer reading, writing, talking and listening activities as well as singing, dancing, games and interactive storytelling.

Why do you volunteer at the club?

There are three reasons. Firstly, it is unfair that many children do not have access to the resources that would help them to develop a love for reading. Secondly, it's fantastic watching children develop a love for reading and books. Lastly, I'm really interested in theories of how children learn to read and write; it's a really exciting area to work in.

What is one of the club's biggest successes?

We set up a partnership with the local public library. Volunteers take the children to the library every second week to encourage them to use the library on their own. I think the relationship that the children form with the library will last long after they have left the club.

What has been a highlight for you?

Watching children learn to enjoy books for themselves and taking a love of reading into their own hands.

To nominate an individual, organisation or even yourself as a Story Star, visit www.nalibali.org and complete our online nomination form or email your nomination to letters@nalibali.org

Abavelele ezindabeni

Ukwakha ubudlelwane bempilo yomuntu yonke ngezincwadi

Njalo ngoLwezithathu ngesikhathi kusavulwe izikole, iNyangana (Inyanga Encane) okuyithimba lokufunda elisebenzisa izilimi ezimbili – eliyingxenywe yenethiwekhi yamathimba okufunda akwaNaLibali – ihlanganela e-Walter Teka Primary School eNyanga, eNtshonalanga Kapa. Iprojekthi ye-SHAWCO – inhlango yeziTshudeni yokusebenzela umphakathi – iNyangana iyaqhubeka nokukhula kusukela ekusungulweni kwayo ngo-2011. Sixoxisane nevolontiya lakwa-SHAWCO, uDavid Jeffery, mayelana nethimba lokufunda nalokho okwenzeke kuye.

Nilithuthukise kanjani ithimba lokufunda?

Ekuqaleni, sasisebenzisana nabafundi beBanga Lokuqala kuphela kodwa ngo-2012 sasebenzisana nabafundi beBanga Lesibili futhi. Kulo nyaka sizobe sisebenzisana nezingane ukusukela eBangeni Lokuqala ukuya kweLesithathu futhi asisezohlangana kanye, sesizohlangana kabili ngesonto.

Kungani ninezingane sazemabangeni aphansi ethimbeni lokufunda?

Ukusheshe siqale kusiza ekuthuthukiseni uthando lokufunda lwempilo yonke.

Yiziphi izinto enizenzisayo izingane ethimbeni lokufunda?

Silandela indlela okuqhutshwa ngayo amathimba okufunda neyokufunda ukwazi ukufunda nokubhala yakwa-PRAESA, ngakho sihlizeka ngemisebenzi yokufunda, ukubhala, ukukhuluma nokulalela kanye nokucula, ukudansa, imidlalo kanye nokuxoxwa kwezindaba okubandakanya nezethameli.

Kungani uzinikela ethimbeni lokufunda?

Kunezizathu ezintathu. Okokuqala, akubona ubulungiswa ukuthi izingane eziningi zingakwazi ukufinyelela ezinsizeni ezingazisiza ukuthi zithuthukise uthando lokufunda. Okwesibili, kumnandi ukubona izingane zithuthukisa uthando lokufunda kanye nezincwadi. Okokugcina, ngithanda kakhulu ukuthola ulwazi ngokuthi zifunda kanjani izingane ukufunda kanye nokubhala; indawo ehlaba umxhwele kakhulu ukusebenza kuyo.

Iyiphi enye yezimpumelelo ezinkulu ezike zazuzwa ithimba lokufunda?

Sakhe amaxhama okusebenzisana nomtapo wezincwadi wendawo. Amavolontiya ahambisa izingane emtatsheni wezincwadi njalo ngemuva kwamasono amabili ukuze azigqagquzele ukuthi zizisebenzisele umtapo wezincwadi. Ngicabanga ukuthi ubudlelwane izingane ezibakha nomtapo wezincwadi buzoqhubeka noma sezashiya kudala ethimbeni lokufunda.

Iyiphi into enkulu eyenzekile?

Ukubuka izingane zizifundela ukuthokozela izincwadi futhi zizibambela mathupha uthando lokufunda.



Ukuze uqoke umuntu othile, inhlango noma wena uqobo njengoVelele Endabeni, vakashela ku-www.nalibali.org bese ugwalisa ifomu lokuqoka elitholakala ezinsizeni zekhompuyutha noma uthumele igama lalowo omqokayo ku-letters@nalibali.org


Create your own mini-book Zakhele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Pepi helps me pull my dress over my head. Thank you, Pepi! I button up my dress and I imagine I am...
 UPepi uyangisiza ukukhupha ingubo yami ekhanda. Ngiyabonga, Pepi! Ngiyafasa izinkinobho zengubo yami bese ngizicabanga....



...a dancer dancing to the beat of the drums. I would wear a beaded skirt and Pepi would dance with me.
 ...umdansi ngidansela ngidansela ukukhala kwezigubhu. Ngiyogqoka isiket sobuhlalu futhi uPepi uyodansa nami.



I could be anywhere



Ngingaba noma kuphi

CATHERINE GROENEWALD




We publish what we like

Read the original story, *I could be anywhere*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from www.jacana.co.za. This story is also available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Funda indaba yokuqala, *Ngingaba noma kuphi*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethiekhelini elithi: www.jacana.co.za. Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, isiPedi, isiSotho, isiTswana, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit www.nalibali.org



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: www.nalibali.org



Drive your imagination

Fold

Ngiyathanda uma uGogo ehlikhila umzimba wami ngokhili mu wakhe wekhethele owebezelayo nonuka kamnandi. Ushaya kancane isisu sami njengesigubhu futhi ngingaba....



I love it when Gogo rubs her special sweet-smelling, shiny cream on my body. She pats my tummy like a drum and I could be...

...ngigqoke isiketi esinobuhlatu nesiqephu sendwangu enhle kakhulu esilekwe phezu kwezingalo zami, ngisho uPepi uyama angibuke ukuthi ngibukeka ngimuhle kanjani!



...wearing a beaded skirt and the most beautiful piece of material wrapped over my arms. Even Pepi stands and stares at how pretty I look!

Fold

My name is Thandi. I live with my Gogo and Pepi, my rooster. Sometimes Pepi can be very naughty, but I love him and he is my friend. I often imagine or dream that I am in a wonderful place or doing exciting things.



Igama lami nguThandi. Ngihlala noGogo wami noPepi, iqhude lami. Kwesinye isikhathi uPepi akezwa kakhulu, kodwa ngiyamthanda futhi ungumngani wami. Ngijwayele ukucabanga noma ukuphupha sengathi ngisendaweni enhle kakhulu okanye ngenza izinto ezijabulisayo.

But if I could be anywhere, I would like to be on my Gogo's lap, with her blanket wrapped around me. That would be best of all.



Kodwa-ke uma ngingaba kwenye indawo, ngingathanda ukuba sethangani likaGogo ngizigoqo ngengubo yakhe. Lokho kungaba kuhle kakhulu kunakho konke.

Fold

Uma ngiwavala ngci amehlo ami uma ngidla ukudla kwam!, nginga, ngihlala kumata othambile ontofontofo bese ngiba nedl! likanokusho lokudla okumnandi okubekwe phambi kwam!. Futhi ngingavumela uPepi adle noma yini ayifunayo.



If I squeeze my eyes tight shut while I eat my food, I can be sitting on a soft, fluffy mat and have the most delicious feast before me. And I'd let Pepi eat whatever he wanted.



....sell Gogo's peas and have a stall with the yummiest, juiciest vegetables!

... dayisa uphizi kaGogo ngibe netafula elinezitshalo ezimnandi kakhulu nezinamanzi amnandi amaningi!

...inkosazane enomqhele wamadayimane amakhulu acwebazelayo nafana nothingo lwenkosazane ekhanda lami.

...a princess with a crown of giant, shining rainbow diamonds on my head.



Pepi wakes me every morning and then the adventure begins...



UPepi uyangivusa njalo ekuseni bese buyaqala ubumnandi...

Uma uogo engigeza, engikhuhla ngenisipho,
 amagwebu awuthingo lwenkosazane ayandiza
 emoyeni adanse singaphakathi kwawo wona
 esizungezile: abenyezela ngengezinkaneyazi
 ezincane. Ngingaba....



When Gogo washes me, and rubs the soap, rainbow
 bubbles float up into the air and dance all around us:
 they twinkle like little stars. I could be...

Uma izulu lina futhi ngibona lithi chapha-chapha
 emhlabathini, ngizicabange ngi...
 ...dlala nabangani bami emfueni, lapho uGogo
 ayedlala khona ngesikhathi eseyintombazanyana
 encane. Angicabangi ukuthi uPepi uyakuthanda
 ukuthelwa amanzi abe manzi!



When it rains and I see it splish-splashing on the
 ground, I imagine I am ... playing with my friends
 in the river, where Gogo played when she was a
 little girl. I just don't think Pepi likes the idea of
 getting wet for fun!

Fold

I snuggle up under my brightly coloured blanket
 and imagine that I am in a big, red bed decorated
 with beads. There is beautiful paper on the walls
 and my pillow is soft.



Ngizigoqa ngaphansi kwengubo yami enemibala
 eggamile bese ngizicabanga ngisembhedeni
 omkhulu obomvu ohlotshiswe ngobuhlalu.
 Kukhona iphepha elihle obondeni futhi umqamelo
 wami uthambile.

Fold 6





Gogo works very hard in her vegetable garden.
 "Oh nooooo, Pepi! What are you doing with
 Gogo's peas?" I know I can...

UGogo usebenza kanzima engadini yakhe
 yezitshalo. "Ayi chaaaaaaa, Pepi! Uwenzani
 uphizi kaGogo?" Ngiyazi nginga...



Get story active! Colour, cut and tell a story

1. Colour in the picture of the doll, Nosipho, from the story *I could be anywhere*.
2. Colour in her clothes.
3. Use glue to paste all the pictures onto a sheet of paper. Now cut out Nosipho and her clothes.
4. Dress Nosipho in the clothes.
5. Make up your own story about Nosipho.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Faka umbala, sika bese uxoxa indaba

1. Faka umbala isithombe sikanodoli, uNosipho, osendabeni ethi, Ngingaba noma kuphi.
2. Faka umbala ezingubeni zakhe.
3. Sebenzisa iglu ukuze unamathisele izithombe zakho ephapheni. Manje, sika ukhiphe uNosipho nezingubo zakhe.
4. Gqokisa uNosipho izingubo.
5. Zakhele eyakho indaba ngoNosipho.

How well do you know the Nal'ibali characters?

Unscramble the letters and write the names of these Nal'ibali characters.



ELALB
B _____

ONE
N _____



KAARFI
A _____



EDOONL
N _____



SOHJ
J _____



BIMLA
M _____



Ubazi kahle kangakanani abalingiswa bakwaNal'ibali?

Misa kahle izinhlamvu zamagama bese ubhala la magama alaba balingiswa bakwaNal'ibali.

Find more information on the Nal'ibali characters at www.nalibali.org

Thola eminye imininingwane mayelana nabalingiswa bakwaNal'ibali ku-www.nalibali.org

Answers/zimpendulo: Bella, Neo, Afrika, Mballi, Noodle, Josh

Story corner

Here is the final part of the story about how the kind squirrel helped the sun for you to read aloud or tell.

Squirrel and the sun (Part 2) Retold by Joanne Bloch

Squirrel knew that what the sun said was true. So although her beautiful brown fur had turned black, and her tail had burnt right off, she carried on chewing her way through the branches that were trapping the sun.

Eventually Squirrel had nearly freed the sun, but her eyes were hurting so terribly that she had to close them. "Please, Sun," she said, "I really need to stop now. My eyes are damaged and I need to rest them." But again the sun begged her to carry on, and so she did.

At last she chewed away the last of the bark and wood holding back the sun. Slowly, the sun glided up into the sky, and as it did, a pink glow spread across the world. As the sun rose, it spoke to the squirrel. "Thank you so much, little friend!" Sun said. "You have worked hard to save me, and by doing so you have also saved all the animals and birds and plants. What can I do for you in return?"

Squirrel thought for a few moments. She had always wanted to fly. "Give me wings," she said, "so I can fly high in the sky."

"Alright," said the sun, "you now have a pair of wings, and you will be able to fly even faster and further than the birds. Because you have hurt your eyes by helping me, you will sleep in the day and wake at night. Although your eyes can't cope with the light any more, you'll be able to see and hear really well at night!"


And that is how the squirrel became a bat. She was too busy swooping around at night to miss her tail and her brown fur and her life as a squirrel in the treetops. And even though she could no longer enjoy the sun's light, she still felt its warmth in her heart.



In your next Nal'ibali supplement:

- How it benefits your children to read them their favourite stories again and again
- The story, *Wait and see*
- A fun-to-play board game
- A zig-zag book, *Riddles*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA



Find us on Twitter: @nalibaliSA
Sithole ku-Twitter: @nalibaliSA

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba emayelana nokuthi salisiza kanjani ilanga isinkwe esilungile ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

ISinkwe nelanga (Ingxenye yesi-2) Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch

ISinkwe sasazi ukuthi kwakuyiqiniso lokho okwakushiwo yiLanga. Noma uboya baso obuhle base bushintshe bamnyama, futhi nomsila waso wawushe waze wanqamuka, saqhubeka nokuquqoda amagatsha ayebambe iLanga.

Emva kwesikhathi, kwase kusele kancane ukuthi iSinkwe sikhulule iLanga, kodwa amehlo aso ayebuhlungu kakhulu kangangokuthi kwadingeka ukuthi siwavale. "Ngiyakuncenga bandla, Langa," kusho sona, "kumele ngiyeke ngempela manje. Amehlo ami alimele futhi ngidinga ukuwaphumuza." Kodwa iLanga laphinde lasincenga futhi ukuthi siqhubeke, ngakho saqhubeka.

Ekugcineni saluma igxolo kanye nokhuni lokugcina olubambe iLanga. Lakhuphuka kancane liya esibhakabhakeni, kanti ngesikhathi lenza kanjalo, kwaba khona ukukhazimula okuphinki okwagcwala umhlaba wonke. Ngesikhathi ilanga liphakama, lakhuluma neSinkwe: "Ngiyabonga kakhulu, mngani wami omncane!" kusho iLanga. "Usebenze kanzima ukuze ungisindise, futhi ngokwenzenjalo ususindise zonke izilwane, izinyoni kanye nezitshalo. Ngingakwenzelani ngalokho na?"

ISinkwe sathi ukucabanga isikhashana. Kade sasifuna ukundiza. "Ngiphe amaphiko," kusho sona, "ukuze ngikwazi ukundiza ngiye phezulu esibhakabhakeni."

"Kulungile," kusho iLanga, "usunawo manje amaphiko amabili, futhi usuzokwazi ukundiza ngesivini esikhulu uye phezulu kakhulu kunezinyoni. Ngenxa yokuthi ulimaze amehlo akho ngesikhathi ungisiza, uzolala emini bese uvuka ebusuku. Noma amehlo akho engeke esakwazi ukumelana nokukhanya, uzokwazi ukubona kanye nokuzwa kahle impela ebusuku!"

Sashintsha kanjalo-ke iSinkwe saba iLulwane. Lalimatasatasa kakhulu lindiza liya phezulu ebusuku kangangokuthi lalingawukhumbuli umsila walo, uboya balo obunsundu kanye nempilo yalo njengeSinkwe phezulu ezihlahleni. Noma lalingasakwazi ukuthokozela ukukhanya kwelanga, lalisakuzwa ukufudumala kwalo enhliziyweni yalo.

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukuthi kuzihlomulisa kanjani izingane zakho ukuzifundela izindaba ezizithandayo uphinde, uphinde futhi
- Indaba ethi, *Thula uzobona*
- Umdlalo osoqwebeni okumnandi ukuwudlala
- Incwadi emazombombe, *Iziphicaphicwano*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-www.nalibali.org noma usithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA